# UNkulunkulu UneWundlu Elihlinzekiweyo

Asifunde e—eNcwadini kaMarku oNgcwele, ngikholwa ukuthi ngabe ngi, khethe ukufunda kancanyana futhi ngikhulume nge, nevesi la 46 le—lesahluko se 10. Asime ekuhlonishweni kweZwi, sisafunda. IZwi linguNkulunkulu. Sonke siyakwazi lokho. Ngakho niyama, ukuthembisa ukuthoba, enifanele nikwenze; niyama ukuba nishaye isaluthe eflegini uma ledlula; kungani pho eZwini likaNkulunkulu uma Lifundwa na?

> *Khona bafika eJeriko: kwathi* be*saphuma eJeriko nabafundi bakhe ne*sixuku *esikhulu sabantu, uBartimewu impumputhe, indodana kaThimewu, wayehlezi ngasendleleni enxiba.*
>
> *Wathi ukuba ezwe ukuthi nguJesu waseNazaretha, waqala ukumemeza, ethi, Jesu, ndodana kaDavide, ngihawukele.*
>
> *Abaningi bamkhuza bathi kuye kathule: kepha kwayikhona wamemeza kakhulu ethi, Ndodana kaDavide, ngihawukele.*
>
> *Wayesema uJesu, wathi makabizwe. Bayibiza impumputhe, bathi kuyo, Yima isibindi, usukume; uyakubiza.*
>
> *Futhi yona, yayisilahla ingubo yayo, yagxuma, yaya kuJesu.*
>
> *UJesu washo kuyo wathi, Ufuna ukuba ngikwenzeleni na? Impumputhe yathi kuye, Nkosi, ukuba* ngibone.
>
> *. . .uJesu wathi kuyo, Hamba-ke; ukukholwa kwakho* ku*kusindisile. Yayisibona khona lapho, yamlandela uJesu endleleni.*

2 Asikhuleke. Moya oNgcwele omkhulu, philisa leliZwi kithi, kulobubusuku, kulomdlalo wasesiteji omncane. Futhi kwangathi singabona lenkundla eyaphila ngale, futhi, ngokwenzenjalo, sithathe ukukholwa ukuthi uNkulunkulu usaphila, futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKhe ethandekayo, uMsindisi wethu. Amen.

Ningahlala phansi.

3 Indaba yethu kulobubusuku ithi: *UNkulunkulu UneWundlu Elihlinzekiweyo*.

4 Futhi manje kulokhu ukusa besinesikhathi esikhulu ngempela, njengoba sibone uJesu engena eJeriko. Futhi sithole ukuthi kwakunomfo omncane lapho ogama linguZakewu, wa—wakhwela emthombeni futhi wazifihla, ngoba wayengakholwa ukuthi uJesu wayengumprofethi. Kodwa umkakhe wayengumfundi kaJesu, futhi wayekade emkhulekela. Futhi ngenkathi uJesu efika ngqo phansi komuthi, Wama, wabuka phezulu wayesembiza ngegama, wayesethi, "Yehla, Ngiya ekhaya nawe namhlanje." Futhi ngicabange ukuthi bekungaba into enhle kulobubusuku, futhi, siselapha, ukuthi sizoqhubeka nje noJesu. SiMcelile kulokhu ukusa ukuba ahambe nathi, futhi besifuna ukuhamba naYe, futhi asiqhubeke nje naYe sidabule eJeriko.

5 Manje, kulobubusuku, inkundla yethu ivuleka endaweni efanayo, eJeriko futhi, futhi uJesu usendlini kaZakewu manje, enokudla kwaKhe—kwaKhe. Futhi wusuku lukaOkthoba olubandayo, futhi kusekuseni impela ekuseni, okwamanje, nomoya uyehla usuka e—entabeni. Phezulu ngaseJudiya, lithi ukubanda phezulu kancane lapho, kusekuseni kwasekuseni, ikakhulukazi ngalesosikhathi sonyaka.

6 Nezwe ngalesosikhathi, ngisho njengoba kunjalo ngale ezweni elidala manje, ligcwele izinxibi. Zibuthana emakhoneni ezitaladi bese zinxiba. Ngi. . .Ezansi kulawo mazwe namanje, izitaladi zihlala zigcwele izinxibi. ENdiya nase, o, eAfrika, nezindawo eziningi, base nazo izinxibi; izinyonga, abaqhugayo, izimpumputhe, abashwabeneyo. Futhi ngezinye izikhathi abantu abangakwazi ukubondla, qobo lwabo, bayanxiba nje, futhi bahlala lapho futhi ngezinye izikhathi nokulamba.

7 Mina, eNdiya, ngangisanda kwehla ngezitaladi, nemali engangiyinikwe yilababantu, ngase ngiyishintsha isuka ekubeni ngamadola iya ekubeni ngamarupi. Nokuzama uku—ukuyedlulisa, ngani, babefanele bathole amabutho ukuba angikhiphe estaladini; babegulukudela kimi. Futhi kwakunabesifazane abancane abampofu belele lapho, bebulawa yindlala. Ingane encane, yase ivele ibulewe yindlala kwaze kwathi inyama yayinamathela emathanjeni, futhi lapho obona khona ugebhezi lwekhanda oluncane luhlanganisiwe. Bese bekunikeza ingane, bezama ukukuthola ukuba uthathe ingane ukuze ingafi. Uma uthatha *le*, uthini nga*leya*, uthini nga*le*, uthi nga. . .? O, he, ku, u—u. . .Uma ubungabona ukuthi sihhalani emgqonyeni kadoti lapha, bekungondla labobantu, cishe impela. Aniqondi nje ukuthi lelizwe licebe kanjani, nxanibona wonke umhlaba ubulawa yindlala.

8 Futhi ligcwele izinxibi. Futhi lolusuku, njengoba inkundla yethu ivuleka, kwakukhona i. . .Sithola ukuthi zonke lezizinxibi ziyehla, ngokwejwayelekile, eJeriko, esangweni elisenyakatho, ezehla zivela eJerusalema. IJeriko yayingesilo idolobha elicebe kakhulu. Kodwa iJerusalema, enkulu ezaziyo,

indawo edumile yethempeli, na—nabacebile bonke bathuthela eJerusalema, futhi kwakuwumuzi onobukhazikhazi obukhulu. Nabantu ababevela lapho babecebe ngempela. Nabahwebi, nokunye nokunye, kwakuthi mabengena, ngesikhathi sasemini, lezizinxibi zazinezindawo zazo zokuthengisela; kungumthetho ongabhaliwe, zazazi nje ukuthi ngasinye sasikubekaphi okwaso, sinxiba isinkwa saso, okwaso esiphiwa khona.

9 Futhi zazidinga zifike lapho kusesekuseni ngenkathi abahwebi bengena, ngoba mhlawumpe indoda yayisiza kuphela isinxibi esisodwa ngosuku, yayiba nohlamvu lwemali eyayilufaka ephakatheni layo ngaphambi kokuba ihambe. Futhi, kusobala, lesosikhathi, iRoma yayibusa iPalestina, nemali kwakungudanariyu wamaRoma. Futhi ngakho babeno—nohlamvu oluncane lwemali, yayiluphosa esinxibeni sokuqala, mhlawumbe, nalokho kwakwenzelwa usuku. Yayingakwazi uku—ukunika zonke izinxibi. Ngakho esihlangane nayo kuqala, kusobala, sasithola uhlamvu lwemali. Ngakho zazinezindawo zazo ngaphandle kwamasango, ngisho naphambi kokuba abantu bangene emzini, abavakashi, kanjalonjalo. Futhi zazilala ngaphandle zenzela lelosango lasenyakatho, ikakhulukazi, zithola abavakashi behla bevela lapho.

10 Futhi njengoba sibona kulokhu ukusa esikhuluma ngakho, ilanga liqala ukuphuma manje, cishe ngelesishiyagalolunye nqo, kwakunesinxibi esiyimpumputhe esisodwa esafika sekuthe ukuba leyithi.

11 Sasikade sinobusuku obubi. Sasiyimpumputhe. Sase sibe yimpumputhe kusukela sisengumfanyana. Futhi sasifike leyithi. Asi . . . Salala kwaze kweqa, ngalokho kusa, ngoba ubusuku bonke golokonqo sasikade siphupha ukuthi sasizokwazi ukuphinde sibone. Futhi sasikade sikhushuza embhedeni waso. Futhi—futhi sizokwazi ukubona, sasicabanga ukuthi sasizokwazi ukubona, nokuvuka sinalokhu ukudumala, ukuthi sasingaboni. Ngempela, kwakuyiphupho nje kuphela.

12 Futhi sasehlile siya endaweni yaso. Futhi sesifika lapho, (manje lona ngumdlalo wasesiteji manje, ukuba ngifinyelele ephuzwini lami) kwakungekho-muntu lapho. Kwakukhona into exakile eyayenzekile. Nokho akubanga ngaphezu cishe ligamenxe elesishiyagalolunye noma eleshumi nqo, futhi—futhi zazingasekho izinxibi lapho. Ngokwejwayelekile, wonke umuntu wayesesendaweni yabo. Sasingazi ukuthi kwakwenzekeni emzini; ebesinakho ekudleni kwethu kwasekuseni ekuseni kulokhu ukusa, futhi sakhuluma ngakho. UJesu wayengene esangweni futhi wayekade ehambe wayongena emzini, na—nabantu abaningi babehambe bangena ukuyothola ukuthi ngabe konke kwakumayelana nani, nezinxibi zasezihambile. Futhi asikwazanga lokhu, sifika leyithi. Ngakho sengathi siyasibona sesiqala ukumemeza amagama ehlukene, futhi a—akukho-muntu lapho. Kuthi

ukuba udaba olunesizungu. Samangala, awu, mhlawumbe i—izikhulu zamaRoma ngahle ukuba zizixoshile endaweni, noma okuthize. Ngakho asizwanga muntu, ngakho si . . . Kwakuthi ukuba makhaza, futhi sasimanikiniki nezingubo zaso yase iguge impela.

13 Futhi sasihambe siphumputha saze sazitholela idwala elalingaphandle elangeni, elalikade mhlawumbe liwe ezindongeni ngenkathi uNkulunkulu wayekade ezamazamise udonga oludala lwawa, izinsuku zikaJoshuwa. Sahlala phansi kulelidwala, futhi sasizama ukucabanga ngephupho laso ngobusuku bakuthangi, ukuthi ngempela kwakungaba yikho kanjani uma sasingahle ngempela sibone. Kodwa, sa—sasingaboni. Sasiphuphuthekile. Futhi siqala ukucabanga ngalezizinto, nomqondo waso ushushumba ubuyela emuva ebufaneni.

14 Niyazi, ngi—ngiyakuthanda ukwenza lokho, ngihlale futhi ngicabanga ngezinto eseyadlula, izinto ezithokozisayo, zokunqoba engibone iNkosi iwina, ne—nezikhathi.

15 NoBartimewu, njengoba simazi ngegama, ephupha ngalobubusuku ukuthi wayemukele ukubona kwakhe, uqala ukucabanga ukuthi kungaba yikho ngempela kanjani uma ngempela ebengabona. Wacabanga, "O, sekuyisikhathi eside ngiyimpumputhe, angazi ukuthi ngiyoke ngisho ngazi kanjani ukuthi ngihamba hambe futhi." Ngakho uqala ukucabanga ngeminyaka eminingi emuva, ngenkathi esengumfanyana. Wayevamise ukudlala phandle lapho egqumeni, eceleni, kusogwini lapho iJordani lehlela khona; nesigodi sisezansi lapho, ababelima khona ukudla okusanhlamvu. Futhi wayehlala phezulu eceleni kwegquma, sizosho njalo. Futhi wakhumbula ukuthi kwakukuhle kanjani, futhi eNtwasahlobo, uku—ukubuka i—izimbali ezincane lapho zikhula; nokuthi wayezikha kanjani ezincane zigcwale izandla, bese ehlala phansi bese ebuka izibhakabhaka ezinhle eziluhlaza.

16 Niyazi, ubumpumputhe buyinto embi kabi. Nxa ngibona umuntu, eyimpumputhe, inhliziyo yami iyamzwela. Kodwa, nokho, ngazi ngobumpumputhe obubi kunabobonke, ubumpumputhe bokomoya; ukuthi uNkulunkulu wamenza kanjani umuntu ukuba—ukuba aMbone ngamehlo, futhi abakwazi ukukwenza.

17 Ngesinye isikhathi, lapho kufuywa khona izilwane zokubukisa eCincinnati, ngangisezansi lapho, indodakazi yami encane nathi sasilapho. Ngingumthandi omkhulu wempilo yangaphandle, njengoba nazi. Futhi ngibone babamba ukhozi base—base belufaka esibiyelweni, nalowomfo bandla! Ngezwa umsindo; futhi ngangibambe uSara omncane ngesandla, futhi se—sehlela esibiyilweni. Futhi lapho lenyoni enkulukazi,

yopha bonke ubuso bayo, izimpaphe zonke zivithizekile kuyo. Ngacabanga, “Into ebukeka iyimbi kangaka pho!”

18 Lwehla. Lwabuyela emuva lunqamula esibiyelweni. Laqala, futhi nantu luza, lubhakuzisa amaphiko alo futhi, u—ukuzisakaza ngekhanda ohlangothini lwe—lwesibiyelo, lubhakuzisa amaphiko alo phansi phezulu, luzama ukuphuma esibiyelweni, futhi lushayeka kuphuma izimpiko. Kodwa lwaluthunjiwe. Lwawela nyovane phansi lwase lulala lapho, namehlo alo akweqa, lwabuka phezulu futhi lwazibona izibhakabhaka eziluhlaza olwazalelwa zona. Luyinyoni yasezulwini, niyazi. Kodwa, niyabo, ukuzuza ngempumelelo okuhlakaniphile okuthize komuntu kwakulufake esibiyelweni.

19 Ngama lapho ngilubuka. Ngacabanga, “Nginganikela nganoma yini uma bengingahle ngikwazi ukuluthenga. Uma bengingahle ngikwazi ukuluthenga, bengingalukhulula, ngithi, ‘Qhubeka, mfo omdala, uzo—uzokuthanda lokho. Ngiyakuthanda nami. Khululeka bese uqhubekela phezulu lapho. Ungowaphezulu laphaya. Wazalelwa lokho.’” Ngacabanga, “Lokho ngukubona okubi kunakho konke engake ngakubona.”

20 Ngaqukula uSara, ngambamba ngengalo yami. Ngathi, “S’thandwa, nanso enye yezinto ebonakala iyimbi kunazo zonke amehlo akho ayoke ayibuke.”

21 Ngama lapho, ngicabanga. Ngacabanga, “Qhabo, nga—ngazi okubonakala kukubi kunakho konke kunalokho. Ngibuka phezulu egqumeni lapho; lawo indoda nekani likabhiya esandleni sawo, abasifazane begqoke izikhindi, usikilidi.” Kanti empeleni babezalelwe ukuba babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi balapho esibiyelweni sesono uSathane abafake kuso. Kubi, ukuphuphutheka ngokomoya, bevalelwe ngqi esibiyelweni; mhlawumbe basonta kwelinye ibandla, bacula ekwayeni, kodwa nokho babiyelelwe esonweni.

22 Futhi lapho uBartimewu ezama ukucabanga emuva ngesikhathi esengumfanyana, ukuthi kwakwenzeka kanjani cishe ngelesibili nqo, kusihlwa, owakhe omuhle, umama omncane oyiJuda embiza, “Bartimewu.” Wayengahle cishe impela alizwe iphimbo lakhe futhi, lapho lenanela ngase magqumeni, futhi wayeza ekhuphuka egijima. Futhi wayephumela egosini elingaphambili bese ethatha isihlalo esidala esiyendezelayo, bese emphakamisela ezingalweni zakhe. Futhi wayekhumbula ukuthi wayewabuka kanjani amehlo akhe amahle, nokuthi wayenomama omuhle kanjani. Nokuthi wayemthunduzela kanjani emlalisa, ngokuphumula kwakhe kwakusihlwa. Nokuthi wayekwenza kanjani lokho, wayemxoxela izindaba, izindaba zabantu bakubo, nangabaprofethi bakaNkulunkulu abakhulu nabanamandla

ababekade bephakathi kwabo. Nokuthi wayekuthanda kanjani lokho, wayethanda ukukuzwa.

23 Kubi kakhulu ukuthi omama bahlalisa abantwanyana babo phansi ohlelweni lwethelevishini lwelinye ihlazo lweHollywood; esikhundleni sokwenza into efanayo, bebaxoxela izindaba zeBhayibheli.

24 Kodwa wayengumama ongumHeberu wangokoqobo, futhi wayexoxela umfo omncane izindaba. Wayethi, amxoxele ngoNkulunkulu ethumela omkhulu, uMose onamandla, ngenkathi beyizigqila ezansi eGibhithe. UNkulunkulu wayethembise uBaba uAbrahama ukuthi wayezobakhulula. Futhi Wabonakala ku—u—umprofethi omkhulu uNkulunkulu ayemvuse phakathi kwabo, othiwa uMose. Futhi Ufika ngesimo seNsika yoMlilo, wayesethuma uMose ezansi eGibhithe, nezinkulu, izibonakaliso ezinamandla nezimanga Ayebakhiphe ngazo. Nokuthi kwabakanjani ehlane, kungekho sinkwa kumbe nalutho lokuba badle, nokho babehamba emgqeni wokulalela, futhi uNkulunkulu wanisa isinkwa sehla sivela esibhakabhakeni.

25 Futhi sengiyamuza uBartimewu omncane ethi, "Mama, kancane nje. Kufanele ukuthi uNkulunkulu wayenazo zonke iziNgelosi zaKhe zisebenza phezulu lapho, futhi Unohhavini abakhulukazi bonke phezulu ezibhakabhakeni, neziNgelosi zisebenza isikhathi eseqile, zilungisa izinkwa, futhi zisiphushela e . . ."

26 "Qhabo, s'thandwa, usemncane kakhulu ukuba uqonde. Uyabo, uJehova akadingi ukwenza lokho. UJehova akadingi ukuba nohhavini. Ungumdali. Uvele akukhulume nje, futhi kubanjalo."

27 Manje-ke sizothini ngoJesu, uma siMbone ethatha into efanayo na? Kufanele kubekhona okuthize kokumesaba uNkulunkulu ngaYe. Ufanele ukuba ngubuhlobo obuthize kuJehova. Umuntu othize namhlanje ezama ukuMenza umprofethi nje, noma umuntu ojwayelekile, noma okwazi ukuzibamba ngomoya ophansi, uthisha okahle. Wayengengaphansi ngalutho noNkulunkulu ebonakaliswe enyameni.

28 Lapho njengoba wayekhuluma naye futhi emxoxela ngokuthi kwakunjani ukuza ukuwelela e—e—ehlane elikhulu, okwakungaleya nje kweJordani ngaleyonkathi, nokuthi kwakukanjani eNtwasahlobo, ngenkathi inyanga kaApreli, ngenkathi iqhwa lalincibilika, phezulu eJudiya, nawo onke amanzi asentabeni ehla, nalolonke iJordani lali—laligcwaliswe ngamanzi nje, amanzi amakhulu ahlehlayo phansi ekugcineni emfuleni. Kwakubukeka sengathi uJehova wayengumholi ongumphelekezeli ongakwazi, ukwenyusa abantu baKhe ngalesosikhathi imifula owawuchichima ngaso, imibi kakhulu.

Babeyoke bakwazi kanjani ukwakha ibriji linqamule kuwo na? Futhi uJoshuwa omncane, noma omncane . . . hhayi uJoshuwa.

Kodwa uBartimewu omncane ngahle ukuba wathi, "Mama, Wakwenza kanjani na?"

29 Wathi, "S'thandwa, khumbula, uJehova usenguye umdali. Wakhuluma nje, ne . . ."

30 UNkulunkulu uyathanda ukuthola izinto e . . . uma isesiphithiphithini, bese ezibonisa Yena uqobo ukuthi unguNkulunkulu. Khona impela eNtwasahlobo! Ngenkathi kuyiHlobo, mhlawumbe wawungawela kalula iJordani impela lapho, kunezibuko elisuka emzini. Siyakwazi lokho, ngezinhloli ziwela futhi ziza kulokhu. Kodwa uNkulunkulu wadedela zonke izigodi zigcwaliswe amanzi, Wayese-ke efika wayesedonsa amandla aKhe amakhulu ehla evela eZulwini ayesenza umgwaqo owomile ukunqamula kuwo. Nakho kumi amadwala ngaphansi nje, lapho uJoshuwa wayewanqwabele khona, njengesikhumbuzo kuJehova, ukuthi abantu babo wayenakekelwe kanjani. Futhi u . . .

31 Enye a—ayeyithanda ngempela ngempela, yayimayelana no—nowesifazane waseShunemi. Wayikhumbula leyo. Nonina wayevame ukumxoxela indaba yomShunemi, neyomprofethi omkhulu, uElija, ngosuku lwakhe, nokuthi lona wesifazane wayemnene kanjani kulomprofethi. Nokho, wayengesuye umIsrayeli ncamashi. WayengumShunemi.

32 Ngakho wakholwa ukuthi uElija wayengumprofethi, umprofethi omkhulu weNkosi. Ngakho ngenkathi . . . Ngolunye usuku wathi kumyeni wakhe, "Asimakhele ikamelo elincane eceleni kwendlu yethu, futhi simkhombise ubumnene, ngoba ungu—ungumuntu omkhulu."

33 Nokuthi kwenzeka kanjani ukuthi ngolunye usuku ngenkathi uElija noGehazi, inceku yakhe, benyuka futhi babubona bonke lobubumnene, wathi kuGehazi, "Ngena bese—bese—bese ubuza, 'Yini esingayenza na? Ngingakhuluma nenkosi noma induna enkulu na?'"

34 Wathi, "Qhabo, ngizohlala phakathi kwabantu bakithi nje. Kulungile."

35 Kodwa uGehazi wathi, "Uyinyumba. Usemdala, umyeni wakhe usemdala, futhi abanabantwana." Wayesethi . . .

36 Futhi uElija ufanele ukuthi wabona umbono. Wathi, "Hamba, umtshele, ISHO KANJE INKOSI, uzoba nomfanyana." Futhi, ezinyangeni eziyisishiyagalounye, umfanyana uyafika.

37 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . mdala, wayekanye noyise, bephumile besensimini, ekuvuneni, futhi ufanele ukuthi waba nokuguliswa yilanga. Waqhubeka ekhala, "Ikhanda lami! Ikhanda lami!" Noyise wamthumela endlini. Umama wamgona emathangeni akhe, wayesemthunduzela, futhi mhlampe umnika

onke amakhambi elalikhona ukuba amnike wona. Nomfanyana waya ngokuba mubi kakhulu kwaze kwathi, ekugcineni, cishe emini, wafa.

38 Nokuthi lowomama omncane wayengezukwehlulwa kanjani! Ngenkathi ubaba engena, nomakhelwane bonke bayangena, futhi babelila futhi bedazuluka, umfo omncane esefile, kodwa wayesalokhu enokukholwa kulomprofethi, umprofethi ongumHeberu; yena, engoweZizwe. Wathi, "Ngibophelelen i umnyuzi, futhi—futhi ninga—ninga—ningami, kodwa mangiye kulowomgede lapho lomprofethi ehlala khona, phezulu eNtabeni yaseKameli."

39 Nendoda yakhe yathi, "Akusiyo inyanga entsha noma isabatha, futhi angeke abe lapho."

Wathi, "Konke kuzolunga."

Wathi, "Qhubeka."

40 Futhi ngenkathi uElija embona eza, yena noGehazi baphuma emgedeni, base bebuka, bemi phandle lapho. Futhi nangu eza. Wathi, "Nangu eza umShunemi, futhi ukhathazekile, kodwa uNkulunkulu ukugcine kuyimfihlo, enhliziyweni yami."

41 Niyazi, uNkulunkulu akabatsheli abaprofethi bakhe yonke into, lokho nje Afuna bakwazi.

42 Ngakho wa—wabuka, wayesethi, "U . . ." Wathi, "Hamba, umhlangabeze, bese uthi, 'Usahlezi kahle na? Indoda isahlezi kahle na? Umntanakho usahlezi kahle na?'"

Futhi lena yingxenye engiyithandayo, futhi.

43 Ngenkathi uGehazi ehlangabezana naye, wathi, "Usahlezi kahle na? Indoda yakho isahlezi kahle na? Umntanakho usahlezi kahle na?"

44 Wathi, "Sisahlezi kahle." Ingane ilele ifile, indoda idazuluka, izinyembezi ziqathaka zehla enhliziyweni yakhe owesifazane, kodwa, "Sisahlezi kahle." Wayesefike phambi kwendoda eyayingamtshela futhi imbusise, futhi, wayenengane, impela uNkulunkulu wayezokwembula ukuthi kungani Ayithatha. "INkosi iphile, iNkosi ithathile, alibongwe iGama leNkosi!" Wayefuna ukwazi ukuthi kungani.

45 Bese kuba ngukuthi wenyuka kanjani wayesewela ezinyaweni zikaElija, noGehazi wamhlwitha wamphakamisa; lokho kwakungafanele ngasenkosini yakhe. Futhi wembula ukuthi yini eyayingalungile. NoElija wehla wayesemvusa umfanyana, ngokubeka umzimba wakhe phezu komfo omncane.

46 Futhi ngifuna niqaphele ukukholwa kukamama, futhi. Wabeka umfana phezu kombhede uElija ayekade elele kuwo. Ngifuna ni . . .

47 Ngifuna ukucacisa umqondo kaPawulu lapha, ngendlela yami yokucabanga. Niyazi, uPawulu wabeka amaduku

phezu kwabagulayo nabahluphekile, nezindwangu. Angikholwa ukuthi uPawulu wayenza ngokungesikho okombhalo. Ngicabanga ukuthi nakhu lapho akuthola khona. Niyakhumbula ukuthi yini into yokuqala uElija ayisho ku—kuGehazi na? "Thatha udondolo lwami bese uyolubeka phezu kwengane." Wayazi ukuthi yonke into ayeyithinta yayibusiswa. Futhi ngakho, niyakhumbula, uPawulu akakhulekelanga phezu kwamaduku. Avele athathwa nje emzimbeni wakhe. Lokho kwakungukukholwa kwabantu.

48 Ngakho, niyabo, wathi, "Thatha udondolo lwami futhi (uma umuntu ekubingelela, ungaphenduli) ulubeke phezu kwengane."

49 Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni; kwakukumprofethi. Wayesethi, "Angiyikukushiya uze. . . Impela kuphila komphefumulo wakho, a—angiyikukushiya."

50 Ngakho uElija, ukumsusa kuye, wavele wahamba naye. Ngakho wahamba wangena wayesebeka umzimba wakhe phezu kwencane, ingane efile, futhi yathimula kasikhombisa yase iyaphila.

51 He, i—indaba enkulu kangaka pho eyayikulo omncane uBarti-. . . uBartimewu, ngenkathi e—e—esengumfanyana. Ukuthi wayevame ukuyithanda kanjani leyondaba encane, ngoba kwakungukuvuka komfana omncane. Leyo yayingenye yalezo azithanda kakhulu.

52 "Kodwa lokho kwakusezinsukwini ezadlula," umpristi uyamtshela manje. "Maye, lokho kwakuyizinsuku ngenkathi uIsrayeli wayenenkulu, indoda enamandla; abakhulu, abaprofethi abanamandla abahamba izwe." Kodwa abapristi bathi, "Uyazi, uJehova akasabadingi abaprofethi." Akusibo bodwa abapristi abasho lokho. Kodwa—kodwa bakwenza ngaleyonkathi, "UJehova akasabadingi abaprofethi. Wasinika umthetho, futhi sakha ibandla, ithempeli, futhi yilokho kuphela esikudingayo." Futhi nje kuthi akube yindlela efanayo abayikholwayo namhlanje, kodwa uJehova usalokhu ehleli enguJehova futhi Angeyiguqule indlela yaKhe; UnguNkulunkulu, futhi akaguquki. Manje babekholwa ukuthi yilokho—yilokho kuphela a—ababekudinga.

53 Futhi ngakho esahlezi lapho kuleliphupho lasemini, njengoba kwakunjalo, ecabanga ngalo, namehlo akhe aphuphuthekile aphendukela phezulu ngaselangeni elifudumele; khona manjalo, uzwa ukuqhwabaza kwezinyawo zomnyuzi omncane ziza zehla ngo—ngomgwaqo onamadwala, ziza zehla zivela eJerusalema, amatshe okugandaya, zingena. Lapho, wayeselalelisisa, futhi kwakunomuntu othile nezinyawo ezifakwe amasandali zigijima phambi komnyuzi omncane. Futhi wayazi ukuthi lowo kufanele kube yisicebi, ngoba ukuhamba

kwakhe kwakungomnyuzi kanti futhi wayenenceku ukuba ihole umnyuzi.

54 Ngakho uyasukuma, azi ukuthi wayedingeka athole imali ukuze a—aphile. Ngakho uyasukuma futhi uzisonga ngengubo yakhe, nengubo encane emanikiniki, futhi ugijima uphumela ngasestaladini, wayesethi, "Ngicela okuphiwa abampofu. Ngibe leyithi kulokhu ukusa. Ungangipha okuphiwa abampofu na? Ngiyimpumputhe."

55 Futhi sizwa iphimbo elinesankahlu ngempela liza, "Suka endleleni, sinxibi! Ngiyinceku kaJehova. Ngingumpristi. Ngehlela neno ngivela eJerusalema, ngithunywe ngusosesheni, ukuzomisa lowomhlangano wokuphilisa ozoba sezansi lapha kulokhu ukusa e—eJeriko. Ngifanele ngihlangane nabazalwane ezansi lapha futhi ngibone ukuthi leyonto ayiqhubeki, ithole abantu. Kunomprofethi wamanga ezweni, uyabo. Si . . . siyezwa UseJeriko kulokhu ukusa, futhi ngisendleleni yami. Suka endleleni yami!" Umpristi. "Futhi, kulungile, nceku, endleleni yakho." Nomnyuzi omncane wasuka wadledlezela futhi.

56 Manje-ke isinxibi siphumputha indlela yaso yokubuyela emuva size sithole idwala, sihlala phansi. Saqhubeka nokuphupha kwaso, futhi lapho siqala ukucabanga, "Phandle lapho kulowomgwaqo omncane lapho ebengimi khona; kungekudala kakhulu, umprofethi omkhulu nonamandla, uElija noElisha, bayeza, bebambene ngengalo, behamba ngezinyawo behla ngalowomgwaqo ofanayo, bebambene ngengalo, behlela eJordani. NeJordani yayizovuleka futhi. Futhi ngakolunye uhlangothi, lwalomprofethi omdala okhathele, uElija, kwakukhona inqola yempi yoMlilo namahhashi oMlilo, ehintshelwe egatsheni elithize laphaya, ukumyisa ekhaya. Futhi wayezokubona lokhu, uElija osemncane. UElisha wayezobheka emuva bese ebona inkonzo phambi kwakhe, okwakubekwe phambi kwakhe. Wayefanele amehlo akhe ahlale ewabhekise kulomprofethi."

57 Futhi sengathi ngiyabona uBartimewu wathi, "Ukuba nje ngangiphile ngalolosuku, futhi ngangikade ngihlezi lapha, ngangiyogijima ngiphumele kulabobaprofethi, ngiwe ngobuso bami, bese ngithi, 'O, mprofethi kaNkulunkulu! Ngikhulekele, noJehova uzongibuyisela ukubona kwami.' Kodwa umpristi uthi, 'Lokho yi, ayisekho into enjengaleyo. Asinakho lokho. UJehova akaphilisi ngamandla aKhe, akasakwenzi. Sinodokotela nezinto owenza lokho. Futhi asisakudingi lokho, ngakho uJehova akaphilisi. Lokho kwakungokosuku oselwedlula. Sivele sigcine umthetho nje. Futhi siyagula, futhi sife futhi siye eZulwini, futhi yilokho kuphela.Yilokho kuphela esikudingayo.'"

58 Manje-ke lapho eqala ukucabanga, wayesekhumbula-ke. Kungesiwo amayadi angamakhulu amahlanu ukusuka lapho ayehlezi khona; emva kokuba uIsrayeli wayewelile wayesemisa

ikamu, futhi bonke behlezi ngokuhlelekile, onke amathende onke esezindaweni, elindele iziyalo ukuba amashe enyukele eJeriko. Futhi mhlampe lona impela idwala ayehlezi kulo kwakuyilo uJehova ayeliqhumise laphuma e—ezindongeni.

59 Wayesethi, "Kucabange nje! Kungekudala kakhulu, iqhawe elinamandla, uJoshuwa, enkulu, inceku kaNkulunkulu enamandla, wawela umfula, eNtwasahlobo, wamisa amathende, phambi kwesitha ngqo. Ngoluny'usuku, esatadisha amasu namacebo akhe okuphamba okuhlasela phezu kweJeriko, ngokunye ukuhlwa esaphuma, noma ngokunye ukusa, ebuka amasango ndawo zonke, nokuthi lalilikhulu kangakanani. Babekwazi ukugijimisa imijaho yezinqola zempi phezu kwalo, amahhashi, ngokulinganisana emaningana, ngasesangweni. Ukuthi uJoshuwa wayebuka kanjani. Wabuka emi ngale encike udonga, futhi nakho kumi iNdoda ihoshe inkemba yaYo. UJoshuwa wahosha inkemba yakhe wayeseyodibana naYo. UJoshuwa wamemeza kakhulu, wathi, 'Unathi noma Ungomunye wezitha zethu na?' Yathi, 'Qha, ngiyisiKhulu sebandla leNkosi.' UJoshuwa onamandla waphonsa inkemba yakhe emhlabathini, wayesethula isigqoko sakhe sesivikelo wayesewela ezinyaweni zaYo."

60 Impumputhe uBartimewu ecabanga, "Lokho kwakungekho emayadini angamakhulu amahlanu ukusuka lapho engihleli khona khona manje. Lapho ibandla elinamandla leNkosi, isiKhulu sebandla, noJoshuwa wakhothama ezinyaweni zaSo. O, ukuba nje ngangikade ngilapho kulawomathende, ngiyimpumputhe ngaleyonkathi, ngangiyocela isiKhulu esinamandla sebandla leNkosi ukuthi Sasinganginika yini ukuba ngibone, futhi ngabe Sakwenza." Ukuba wayazi ukuthi isiKhulu esifanayo sasingaphansi kwamayadi ayikhulu ukusuka kuye.

61 Yilokho esenza khona ukwehluleka kwethu, kulobubusuku. Sizama ukubeka yonke inkazimulo, noKristu, emuva le komunye unyaka. IBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ukhona kakhulu impela nje lapha kulendlu, kulobubusuku, njengoba Wayelokhu ehamba eGalile noma eJerusalema.

62 LesosiKhulu esikhulu sasiphuma ekhaya likaZakewu, nabantu babe—babeSilinde ngaphandle.

63 Emizuzwini embalwa, uzwa umsindo, nomsindo unephimbo elixubile.

64 Elinye lithi, "Hosana kumProfethi ozayo eGameni leNkosi! Ubusisiwe umProfethi waseGalile, iNceku kaJehova!"

65 Amanye athi, "Msuseni uMuntu onje! Ngeke sibe naLokhu ngakulomuzi lapha." Futhi lapho bephuma, nabanye babo beMjikijela ngesithelo esesivuthwe ngokweqile, lapho Edlula esangweni.

66 Futhi wa—wayengakaze ayizwe into enjengaleyo, ngakho wathi, "Kwenzekani na? Umayelana nani wonke lomsindo na? Kwenzekani ngapha na?" Nabantu beminyana.

67 Futhi emva kwesikhashana wezwa iphimbo lalowompristi ofanayo owehla ukuthola usosesheni ukuba bangabi nawo umhlangano. Wamuzwa ethi, "Bangitshela ukuthi Wavusa abafileyo. Manje sinawo onke amathuna agcwele bona enhla lapha emmangweni, asiKubone wenyuka futhi uvusa abanye phambi kwethu."

68 Kodwa, niyazi, Wayeqonde eJerusalema, enyukela ukuba ayobethelwa. Zonke izono zezwe zaziphezu kwaKhe, futhi Wayeya eJerusalema ukuba ayonikelwa phezulu njengomhlatshelo. Futhi babhinqa futhi bahlekisa ngaYe; futhi abanye babo beMbusisa, nabanye babo beMthuka. Njengoba nje kukhona ngokwangempela kuyo yonke imihlangano lapho Ekhona; abanye bavuna Yena, abanye umelene naYe. Kodwa akabonakalanga kuMkhathaza neze. Ubuso baKhe babubheke ngasekuqedeni ibanga laKhe. Futhi Uqhubeka uyahamba, engaxhamazeli, lapho Eqhubeka, ebuka ngaseJerusalema. Nendoda amancane ayishumi nambili ayeMlinde inqaba lapho, ezama ukuhlehlisa izixuku. Nabanye bezama ukuMthinta. Nabanye bedazuluka futhi behlekisa ngaYe, na—nakanjalonjalo.

69 Nesixuku sathi ukugijimela phezu kwempumputhe endala, njengoba sinenkambo yethu kulobubusuku, futhi babeyifuqele phansi. Futhi ake sicabange ukuthi kwakukhona enye ekahle, intombi eyafika, mhlampe mhlawumbe ngahle ukuba kwakukade kungudadewabo kaRebeka endabeni yethu kulokhu ukusa, noma wawuyi—yikholwa kuKristu. Futhi yababona behamba befuqa ikhehla, futhi kubonakala ukuthi lali... babengenabubele kulo. Kodwa ngenxa yokuthi yayilikholwa kuJesu, kwayenza yaba nobubele. Kuhlala kwenze njalo. Kukwenza ukuba nozwela kwabadala nakulabo abadingayo. Nomfo omdala wayefuqelwe phansi, futhi yagoba ukuba imsukumise. I...

70 Ngahle ukuba yathi kuyo, into efana nale, "Ntombi, ngingasho, ngephimbo lakho, uyintombi."

71 "Yebo, ngiyiyo. Ungasukuma, mkhulu na? Ngiyakholwa bangahle bakulimaze."

72 Yathi, "Kumayelana nani konke ukubanga u—umsindo na? Yini konke ukudida, ukudideka phandle lapha na? Kumayelana nani konke na?"

73 "Ngani," yathi, "awuqondanga yini ukuthi uJesu waseNazaretha, iNdodana kaDavide, isemzini na? NguYe lowo odlulayo, umProfethi waseGalile. Uqonde ukuthi awazi na?"

"Qhabo, a—a—angikaze ngizwe ngaYe."

74 "Awu, ake ngikutshele ukuthi kwenzekeni kulokhu ukusa emzini. Uyamazi uZakewu, indoda yesitolo othenga udlele kuso na?"

"Yebo."

75 "Ubehlala njalo ethi ukuba ngumgxeki. Umkakhe wayeyikholwa. Futhi kulokhu ukusa, uZakewu, phezulu emthini, ukuba abhekisise uJesu eza edlula. Futhi sonke siyazi ukuthi UngumProfethi. Futhi ngesikhathi Eza edlula, Umile wasebheka phezulu wayesebiza uZakewu ngegama lakhe; kwakungakaze kwenzeke eJeriko ngaphambili."

76 Isinxibi esidala sajabula enhliziyweni. Sathi, "Khona-ke lokho ngukugcwalisa kukaDuteronomi 18:15, 'INkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa umprofethi onjengoMose.' Lowo kufanele kube nguYe. Uma enguYe, Uphi manje na?'"

"Uthi nje akabe semayadini ayikhulu ezansi nomgwaqo."

77 Wayesemedlulile, wayecabanga. Ngakho uqala ukumemeza kakhulu, "Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele. Ngihawukele, O Ndodana kaDavide. Ngenkathi Usedlula, ngihawukele."

78 Manje, ngokomzimba, Wayengeke neze alizwe iphimbo laso, ngenxa yaso sonke isiyaluyalu. Abanye beMdumisa nabanye beMbusisa, nabanye beMthuka. Futhi, isiyaluyalu, Wayengeke neze e—ezwe ngaYe.

79 Kodwa WayeyiZwi. Futhi uma umphefumulo umemeza kakhulu; njengalowo wesifazane enomopho, owathinta ingubo yaKhe. IBhayibheli lathi, "Wama wathula." KwaMmisa. Kucabangeni, kucabangeni nje; ukuthi u—ukumemeza kwaleso esiyimpumputhe, isinxibi esidala esingabalulekile, nezono zezwe nomthwalo uphezu kwaKhe, eya eJerusalema ukuba ayoba ngumnikelo wesono, nokho ukumemeza komphefumulo womuntu oyedwa kwaMenza wama futhi wathula du.

80 Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ukumemeza okukodwa, kulobubusuku, kuzoMletha enkundleni, ngokufanayo nje njengoba kwenza ngaleyonkathi. Ukuthi Uhlala kanjani efana!

81 Ngiyakhumbula, ngobunye ubusuku ngivela eDallas, eTexas. Sekuyiminyaka eminingana edlule. Ngangiphansi e—eMemphis. Futhi bangibeka phezulu lapho kulelohotela elidumile, abezindiza bakwenza, iPeabody Hotela. Futhi bangitshela ukuthi babezongibiza ngokusa okulandelayo, ngesikhathi ukuba ngibambe imoto ilimozini, ukuba ngibuyele endizeni.

82 Futhi ngangilale kahle ubusuku bonke; ngavuka ngokusa okulandelayo, ngangibhale ezinye izincwadi amaletha, ngangehlela eposini, ukuyoziposa. Ngaphuma ngase ngiqala ukwehla ngestaladi. Futhi khona manjalo, ngezwa iNto ethize yathi, "Yima, futhi ubuyele emuva."

83 Awu, niyazi ukuthi abantu bayithola kanjani imicabango. Ngase ngicabanga, "Awu, lokho mhlawumbe ilokho obekuyikho."

84 Ngathi ukuqhubeka kancane, futhi Kwakuyilokhu kusho futhi, "Yima, futhi ubuyele emuva."

85 Awu, nge—ngenyukela ekhonini, kwakunephoyisa elikhulu elingumIrishi phandle lapho ekhoneni, futhi angizange... Ngangibuka amasondo okudoba nezinto, efasteleni. Futhi ngahle ukuba ngama isikhathi eside kakhudlwana futhi kungahle ukuba laba nokusola ukuthi ngangizama ukuthatha elinye lalawo masondo, ngakho ngavele ngajika nje ngase ngiqala ukubuyela emuva. Futhi lapho ngibuyela emuva, ngishesha kakhulu, ngishesha kakhulu, ngase ngedlula ngasehotela ngqo, ngase ngehla ngibheke ngasemfuleni, ezansi le. Angazi, ngiqagele bengingayithola indawo, kulobubusuku. Ngase ngicabanga, "Lapha kuyangokuba leyithi, kodwa iNto ethize..."

86 Niyakholelwa ekuholweni nguNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi lapho ngiqhubeka ngehla, ngi—ngi...Kwakuya ngokuba leyithi futhi ngangazi kwakufanele ngisheshe, kodwa iNto ethize yayilokhu ithi nje, "Qhubeka, qhubeka."

87 Futhi lapho sengifike ekubeni leyithi kakhulu cishe impela ukuba ngibuyele emuva futhi ngibambe indiza yami, ngacabanga, "Awu, ngi—ngifanele ngilandele lokhu ukuhola." Futhi kwenzeka ngacula leliculo elincane, ngangisanda kuhlangana nani nje bantu bePentecostal, mayelana nelithi:

> Babebuthene ekamelweni eliphezulu,
> Futhi bonke bekhuleka eGameni laKhe,
> Futhi babhaphathizwa kuMoya oNgcwele,
> Namandla enkonzo afika.

88 Nake nalizwa leloculo na? "Futhi ngiyajabula ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo." Ngangizama ukuphindaphinda lokho, ngithi:

> Woza, mfowethu, ufune lesisibusiso
> Esizohlanza inhliziyo yakho esonweni.

89 Futhi lapho ngisahamba, ezansi ngestaladi, ngabuka, futhi kwakukhona uAnti Jemima omdala woqobo eyeme phandle phezu kothango oluncane, nencane, indlu yekhaladi lapho, encane, indlwana eyakhiwe ngezingodo ecakwe ngomcako omhlophe njengawo, eyeme phandle phezu kothango. Wayeshuqule ikhanda lakhe ngeyembe labesilisa.

90 Futhi ngayeka nje ukucula ngase ngiqala ukuhamba ngiqhubeka. Ngangingazi ukuthi ngangiyaphi; Wathi nje, "Qhubeka, qhubeka nje uhambe." Futhi ngakho sengisondela impela kuye, ngabona ukuthi wayethi ukumamatheka. Ngase

ngimbuka phezulu, ngase ngiphendula ikhanda lami ngase ngihamba ngiqhubeka.

91 Wathi, "Sawubona ekuseni, parson." Manje, eNingizimu, *uparson* kusho ukuthi "mfundisi."

Ngase ngi—ngithi, "Sawubona ekuseni, anti."

92 Ngabuka emuva, ngase ngicabanga, "Waze kanjani ukuthi ngiwu parson na?" Futhi ngangingenaBhayibheli noma lutho.

Ngaphenduka. Ngathi, "Waze kanjani ukuthi ngiwuparson na?"

Wathi, "Bengazi ukuthi ubuza."

Ngase ngithi, "Kuthi ukuxaka, kimi."

93 Waye—wayesethi, "Sewake wafunda eBhayibhelini ngowesifazane waseShunemi na?"

Ngathi, "O, yebo, mem."

94 Wathi, "Uyazi, wayenga; wayeyinyumba, wayengabatholi abantwana."

Ngathi, "Yebo, mem, ngiyayikhumbula indaba."

95 Wathi, "Futhi wethembisa iNkosi, futhi wayezokhulisa leyongane eNkosini, kusobala." Wayesethi, "Uyazi, ngangiyilolohlobo lowesifazane." Wathi, "Ngangibatholi abantwana, umyeni nami." Wayesethi, "Ngethembisa iNkosi, uma Ingangipha ingane, ukuthi ngiyoyikhulisela Yona." Wathi, "Wangipha ingane." Wayesethi, "Ngamkhulisa lowo mfana ngawo onke amandla ami, ukuba akhonze iNkosi." Wathi, "Kodwa, uyazi," wathi, "wangena kubangani abangalungile, wayesethola i—i—isifo emzimbeni wakhe." Wayesethi, "Indoda ewudokotela isimnikeze yonke imijovo engamnika yona. Futhi usungenile," wathi, "igazi lakhe lihlanganiswe nokune, isifo samasoka," ugconsula. Ngakho wathi, "Inxenye yegazi lakhe iconsela emuva enhliziyweni yakhe. Inhliziyo yakhe inezimbobo kuyo." Wayesethi, "Ulele phakathi lapho, uqulekile." Wayesethi, "Indoda engudokotela ibilapha, ezinsukwini ezimbili ezedlule, yayisithi, 'Ngeke asaphinde avuke. Usehambile.'"

96 Wayesethi, "Ngeke nje ngakumela ukubona ingane yami ifa kanjalo." Futhi uthi, "Ngase-ke ngi—ngi—ngikhuleka ubusuku bonke, 'Nkosi, uma Uzomthatha . . . Ungipha yena; kodwa ngi—ngi—ngifuna ukumuzwa ethi usesindisiwe, ukuze ngazi ukuthi ngiyobuye ngimbone futhi.'" Wayesethi, "Nga—ngakhuleka, futhi ngakhuleka umkhuleko cishe njengalowo ophathwa ngowesifazane waseShunemi."

97 Wayeseithi, "Nga—ngayolala, ngase ngiphupha iphupho." Wathi, "Ngase ngithi eNkosini, ngathi, 'Ungipha ingane.' Wayesethi, 'Nganginjengowesifazane waseShunemi, kodwa uphi umprofethi waKho na?' Wayesethi, Yathi, 'Buka, oza lapha.'

Ngase ngibona indoda nesigqoko esincane isibeke eceleni ekhanda layo, igqoke leyosudu empunga, iza yehla ngestaladi."

98 Wayesethi, "Lokho cishe bekungelesine nqo kulokhu ukusa." Wathi, "Kade ngimi la selokhu kusukele lapho."

Uselokhu enguNkulunkulu. Uphendula macala omabili.

99 Ngathi, "Igama lami nginguBranham. Ngikhulekela abagulayo. Sewake wezwa ngenkonzo yami na?"

100 Wathi, "Qhabo, mnumzane, Parson Branham, angikaze ngizwe ngawe." Wayesethi, "Ungengene na?"

101 Futhi ngenkathi ngiyovula isango. Lalinothango oludadlana lapho, nesango lalinegeja elicijile elilenga kulo, njengasemuva eArkansas. Kwakungaphesheya komfula nje ukusuka kulo, empeleni, ngakho niyazi ukuthi lokho kwakuyini. Ngakho ngalindonsa isango ngase ngingena.

102 Ngenkathi ngiyongena kulelokhaya. Ngike ngaba sezigodlweni zamakhosi, amathathu noma amakhosi amane ehlukene; inkosi yaseNgilandi, iNkosi uGustaf waseSweden, izindawo eziningi, ngingena futhi ngikhuleka kanye nawo. Futhi ngike ngaba kwamanye amakhaya amahle kunawo onke, ngiqagele, eHollywood. Kodwa angikaze ngike ngemukeleke ukwedlula engemukeleka khona kulelo. Ikamelo elidadlana nje elingagqamile, amakamelo amabili, ikhishi elincane ngemuva, ikamelo elincane lokulala lapha, nombhede omdadlana wephepha lezaziso. Kwakungekho zithombe ezikhanukisayo odongeni. Kodwa kwakunesayini lapho, yayithi, "Nkulunkulu busisa ikhaya lethu."

103 Ngabuka, kulele laphaya, nomfana wenigro omkhulukazi, wayebukeka ethi akabe neminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, omkhulu, onamandla, umfana obukeka ephilile. Futhi wayephethe ublankethe esandleni sakhe, futhi wayethi, "Ehe! Ehe!"

Ngase ngithi, "Kwenzenjani kuye na?"

104 Wathi, "U—ucabanga ukuthi uphandle olwandle olumnyama, ulahlekile. Futhi uthi, ulokhu eqhubeka nokuthi u 'lahlekile, uphandle olwandle,' futhi akayitholi indlela yakhe. Ucabanga ukuthi ugwedla isikebhe." Wathi, "Kade enza lokho izinsuku ezimbili noma ezintathu." Wayesethi, "Ngi—ngingeke nje ngamvumela afe kanjalo." Wathi, "Ungamkhulekela na?"

Ngathi, "Yebo, mem."

105 Ngathola ukuxoxa ngokuphilisa. Wayengakukhathalele lokho. Wayefuna kuphela ukumuzwa ethi wayesesindisiwe. Yilokho kuphela ayekukhathalele, ukuthi wayesesindisiwe. Ngase ngi—ngithi u . . .

106 Wawelela ngale wayesembamba ngekhanda wayesemdonsela emuva, wamanga esihlathini, wayesethi, "Nkulunkulu busisa ingane kamama."

107 Mina ngimi lapho ngibuka lokho, ngase ngicabanga, "Ya, ya, yilokho-ke." Akunandaba ukuthi yihlazo elingakanani alilethe emndenini, ukuthi ukude kangakani, akunandaba ukuthi nkathazoni akuyo, usalokhu "eyingane kamama."

108 Ngase ngicabanga, "IBhayibheli lathi, 'Umama angayikhohlwa ingane yakhe encelayo, kodwa Mina ngeke nganikhohlwa. Ni . . .' Kunothando olungakanani nje lapho! 'Amagama enu aqoshwe ezintendeni zesandla saMi.'"

109 Wamanga. Saguqa phansi. Ngahlala onyaweni lombhede. Ngabeka izandla zami phezu kwezinyawo zakhe, zazishisa, zinamfuka.

110 Ngase ngi—ngithi, "Anti, ungakhuleka kuqala na?" Futhi, mngani wami, ngangazi ukuthi wayeke wakhuluma naYe ngaphambili. O, umkhuleko onje pho awenza kuNkulunkulu!

Wayesethi-ke, "Ungakhuleka na?"

Ngase ngithi, "Yebo, mem."

111 Ngathi, "Baba waseZulwini, ngileyithi okungenani ngehora endizeni. Ungitshele ukuba—ukuba ngize ngehlele lapha, futhi nje ngiqhubeka ngiza. Futhi manje-ke angazi noma yilapha Obungifuna khona, noma qha, kodwa yilapha engime khona. Uma Ungithume ukuba ngikhulekele lomfana . . . "

112 Futhi cishe ngalesosikhathi, wathi, "O, mama!"

Wathi, "Ifunani ingane kamama na?"

113 Wathi, "Sekuya ngokukhanya ekamelweni." Cishe imizuzu emihlanu, wayehlezi ngezinqe embhedeni.

114 Ngaphuthuma phandle, ngaqhubeka ngehla. Ngacabanga, "Awu, ngingathola kuphela itekisi nje, yilokho kuphela, futhi ngilinde ngaphezu kosuku, kumbe noma yinini engingathola khona enye indiza."

115 Sengiyongena esangweni nje, sekuleyithi ngamahora amabili nento, ngamuzwa ethi, "Sekumenyezelwa okokugcina kwendiza engunombolo siksti-seveni, eya eLouisville, eKentucky."

116 Ini? Ini? Ukuzibusa kukaNkulunkulu! Niyabo? Umkhuleko nokukholwa kwalowo ozihluphekelayo, omncane, ongabalulekile, owesifazane oyinigro, wamisa leyondiza phansi wayibamba lapho. UnguNkulunkulu ofanayo owakwazi ukuma futhi wajikela esinxibini esiyimpumputhe e—ezindongeni zaseJeriko. UnguNkulunkulu ofanayo izolo, namuhla, naphakade. Ngukukholwa okukwenzayo. Ufuna ukukholwe.

117 Konje, cishe eminyakeni emibili kamuva ngangedlula lapho ngesitimela, ngihamba, ngibuyela ePhoenix. Futhi, niyazi, bakubiza imali engaka ngalawomasemishi, ngijwayele ukuzama ukwehla esiteshini bese ngizithengela amahembega, isaka eligcwele wona, ukungigcina ngize ngehle, ngoba bakubiza

useventi-fayifi sente ngesemishi elidadlana elisikwe izingcezu ezincane kakhulu linesayidi elilodwa kuphela kulo. Futhi—futhi lona, manje, kubi kabi. Ngase ngi—ngigxuma ngehla eMemphis. Futhi uma noma ubani wake waba seMemphis, uyazi ukuthi isitimela sisiphula kanjani endaweni yokuphendulisa izinto ezisindayo lapha. Ngagxuma ngehla ngase ngigijima ngehlela lapho ngiya esitendeni sehembega.

Ngezwa umuntu ethi, "Halo lapho, Parson Branham!"

118 Ngaqalaza, nanti lelikepisi elibomvu elincane limi laphaya, limise ikhanda. Ngathi, "Halo, ndodana," ngaqala ukubuyela emuva.

Wathi, "Wena, awungazi, uyangazi na?"

Ngathi, "Qhabo, angikholwa ukuthi ngiyakwazi."

119 Wathi, "Uyazi, ngoluny'usuku ufika endlini yami." Wayesethi, "Umama wami wayekade emi phandle, wase umbambatha emhlane, emanzi."

Ngathi, "Awusuye lowomfana na?"

120 Wathi, "Yebo, nginguye." Wathi, "Ya, ngi—ngiyilowomfana." Wathi, "A—angiphilisiwe kuphela," kodwa wathi, "Senga—nga—ngasindiswa kusukela ngaleyonkathi, futhi." Ngakho, lokho, kwakuyilokho-ke.

121 O, umusa omangalisayo! UNkulunkulu ofanayo, ukuthi isinxibi esiyimpumputhe sakwazi ukuMmisa, ongabalulekile, omncane, owesifazane oyinigro wakwazi ukumisa phansi indiza. Imikhuleko yakhe nokukholwa kuNkulunkulu! Wayekukholwa.

122 UJesu wama wathula. Lobobuso besinxibi esiyimpumputhe baMmisa emzileni waKhe ngqo ngingathanda ukuba nobusuku obumbalwa, ukuba ngishumayele leyondaba, "Wayesema-ke uJesu wathula." Kodwa nango Wama, wathi, "Siletheni lapha." Amen.

123 Ngangifunda indaba ngoBartimewu impumputhe, lapha esikhathini esithize esedlule, ngengathi ngangithatha umlando weBhayibheli. Mhlampe iyinganekwane, kodwa yathi wayekholelwa njalo ekuphilisweni. Akunandaba ukuthi abapristi bathini, wayesalokhu ekholelwa kukho. Yathi wayeyindoda eyayiganiwe, enomfazi, nentombazanyana ayengakaze ayibone. Yayithi ayibe ngako ubudala ngaleyonkathi, cishe iminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Wayengakaze ayibone. Yathi ayekwenzela i—i . . .

124 Niyazi, ufanele ube nento ethize ehlukile kancane komunye umfo, uma unxiba, kungenjalo ungeke waheha ukunaka kwabantu. ENdiya, ba—badedela omunye walaba uchakide omncane abulale imfezi, naleyo enye into ethize abangayenza ukuheha ukunaka. Ngibone i—inkawu ithatha induku futhi ishaya ibhola nje, ngale kwestaladi, enye into ethize, ukuthola ukunakwa, bese-ke bebapha imali.

125 Futhi yathi uBartimewu wayenamahobhe amancane amabili ayenza, enze ukuketuka, njengencane. . . elinye phezu kwelinye, nalokho kwakubungaza a—abantu, abavakashi, futhi babemupha imali.

126 Futhi yathi ngobunye ubusuku umkakhe—khe wagula ngempela. Futhi babenodokotela, nodokotela wathi, "Bartimewu, ayikho into engingayenza. Yena, angikwazi ukwephula leyomfiva."

127 Futhi yathi waphumputha indlela yakhe ngasodongweni, wayesephuma endlini, wayesethi, "Jehova, ngiyaKuthanda. NgiyaKukholwa. Ayikho into engingaKuthembisa yona. Nginamahobhe amancane amabili lapha, engiziphilisa ngawo. Kodwa uma Uzodedela nje umkami othandekayo ahlale nami ukuba asize akhululise umntamani; futhi ngiyimpumputhe, futhi angiboni; uma nje Uzodedela umkami asinde ukuze angisize khona ngapha, ngizoKwethembisa, kusasa ngizokwenza umhlatshelo omkhulu. Ngizokwenyusa amahobhe ami amancane, umnikelo womnikelo wami."

128 Awu, bathi umkakhe wasinda. Wathatha amahobhe wayesenikela ngawo.

129 Ngesinye isikhathi emva kwalokho, intombazanyana yakhe yagula. Nayo futhi yayisisephuzwini lokufa, ngakho waphuma ukuba ayokhuleka futhi. Wathi, "Jehova, angisenalutho olusele, kodwa nginewundlu lami." Futhi ngalezozinsuku, iwundlu lalihola izimpumputhe njengoba inja eneso elibonayo yenza manje, ayeqeqeshelwe ukuhola izimpumputhe. Futhi wayenewundlu elalimhola ukuba aye esigxotsheni sakhe lapho ayenxiba khona. Wathi, "Into kuphela enginayo esasele, Jehova, yileliwundlu." Wayesethi, "Uma nje Uzodedela intombazanyana yami iphile, nokho angikaze ngiyibone, kodwa iyinduduzo impela ngenkathi ngihlikihlika izinwele zayo ngezandla zami." Wayesethi, "Iyangithanda, nami ngiyayithanda." Wayesethi, "Jehova, uma Uzoyidedela iphile, ngizo—ngizoKupha iwundlu lami, libe ngumhlatshelo."

130 Nentombazane yakhe yasinda. Futhi nango wayelapha, ehlela ethempelini newundlu. Nompristi uyaphuma futhi uma phezu kwesitezi esiphezulu, wayesethi, "Bartimewu oyiMpumputhe, uyaphi, kulokhu ukusa na?"

131 Wathi, "Ngiya ethempelini, ukuyonikela ngaleliwundlu libe wumhlatshelo."

132 "O," wathi, "Bartimewu oyimpumputhe, ungeke ukwenze lokho." Wathi, "Ngizokunika imali, bese uya e—ezindaweni okuthengiselwa kuzo, bese uthenga iwundlu bese unikela ngalo."

133 Wathi, "Angizange ngimthembise iwundlu uNkulunkulu. Ngithembise uNkulunkulu leliwundlu."

134 Wathi, "Kodwa, Bartimewu oyimpumputhe, ungeke wanikeza lelowundlu, ngokuba lelowundlu lingamehlo akho."

135 Wathi, "Uma ngithobela isithembiso sami kuJehova, Uyohlinzeka iwundlu lamehlo ami."

136 Wayenalo, ngalokhu ukusa kukaOktoba obandayo, iWundlu lalihlinzekiwe lamehlo kaBartimewu oyimpumputhe. Wathi, "Mletheni lapha." Wabeka izandla zaKhe phezu kwamehlo akhe, naleloWundlu likaNkulunkulu elihlinzekiwe lavula amehlo akhe.

137 Bangani, niyazi, bekungashiwo okuningi kakhulu kulendaba ngaLo liqhubeka liya ekubethelweni, kodwa sizokucosha lokho ngesinye isikhathi kamuva. Niyazi, leloWundlu elifanayo lihlinzekiwe kulobubusuku lamehlo akho, nawe? LeloWundlu elifanayo lilapha kulobubusuku. UNkulunkulu uhlinzekile. Akanalo elinye, akasoze abe nelinye. Lelo yiWundlu likaNkulunkulu elihlinzekiwe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

138 Ngibuke iwashi lami, sengivele ngicishe ngibe nemizuzu engamashumi amabili kushaye eleshumi, futhi bengizozama ukuma kwelesishiyagalolunye nqo, ngiphume ligamenxe elesishiyagalolunye, ngesikhathi esivamile.

139 Kodwa asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngifuna kuvalwe onke amehlo manje, namakhanda enu ekhotheme. Hloniphani ngokuzithoba ngempela umzuzwana.

140 "O Jesu, Wena Ndodana kaDavide," kumemeza isinxibi, "ngihawukele." Futhi sasingathuli. Si—sifanele . . . si—sifanele sihehe ukunaka kwaKhe. Futhi anikholwa yini kulobubusuku ukuthi ukumemeza kwethu okufanayo kuzoMletha enkundleni futhi na? Kwenza ngalesosikhathi. Kungekwenze ngani futhi na?

141 Manje njengoba nikhothamisa amakhanda enu nenhliziyo yenu, ngifuna nimemeze kuYe, "Jesu!" NingaMbizi ngeNdodana kaDavide, ngoba Akasiyo iNdodana kaDavide kini. UyiNkosi. "Jesu, Nkosi, ngihawukele. Vula amehlo ami aphuphuthekile. Ngimzwile lomfundisi onathi kulobubusuku, ethi Wethembisa ukuzibonakalisa Wena uqobo enzalweni kaAbrahama, ngezinsuku zokugcina, indlela Owenza ngayo kuAbrahama nenzalo yakhe yalolosuku. Wayethembisa, ukuthi Wena uyiZwi.

142 "Ebusukwini obumbalwa obedlule, kade ngi—ngiqaphela izinto ezixakile. Wathi, kuJohane oNgcwele, ngiyazi, 14:12, 'Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.' Nowesifazane wathinta ingubo yaKhe, futhi Wazi ukuthi inkathazo yakhe yayini, futhi ngenxa yokuthi—yokuthi wasebenzisa lokho kukholwa okungako. Ngani, ukukholwa ukuthi Wayenguye, ukukholwa kwaKhe kulokho ayekwenzile, Wamemezela ukuthi usesindile, wathi, 'Ukukholwa kwakho kukusindisile.' Nempumputhe esangweni laseJeriko, into

efanayo. Indoda emthini, kulokhu ukusa, yathethelelwa izono zayo.

143 "Vula amahlo ami aphuphuthekile, Wundlu. Ukuze ngiqonde ukuthi ngiseBukhoneni baKhe. Ukuthi Yena ulapha. Wena wathi, 'Lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngi—Ngiphakathi kwabo.' Vula amehlo ami aphuphuthekile, futhi ungihawukele, O Wundlu likaNkulunkulu."

144 Futhi nisakhuleka lokho, nje uma kukhona ukungabaza emqondweni wenu, bekukhona ukungabaza nomaphi ngase. . . Nje manje singaphambidlana kwenkonzo yokuphilisa enkulu. Uma bekukhona ukungabaza ngakho, ningeMcele yini ukuba asuse yonke inkwethu emehlweni enu, ukuze niqonde ngokucacile na?

145 Lobubusuku obumbalwa ekade ngizama, ngayo yonke inhliziyo yami, ukuba nginithole ukuba nibone into ethize, ukuthi Unikeza isibonakaliso saKhe sokugcina ebandleni, ngaphambi kokuba Aphendukele kumaJuda. UMlobokazi wabaZizwe uzobizwa.

146 [Omunye ukhuluma ngolunye ulimi, bese-ke enikeza incazo—Umhl.] Amen. Manje uma ngiqonda kahle, nisakhuleka, uMoya oNgcwele ukhuluma bese-ke unikeza incazo, uNkulunkulu eninika isimemo.

147 Bangaki phakathi lapha abangathanda ukuba iWundlu likaNkulunkulu elihlinzekiwe livule amehlo enu, ukuze niMbone lapha manje, ekhona na? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, vula amehlo ami aphuphuthekile. Mangibe neveyili lami lisusiwe enhliziyweni yami, Nkosi, ukuze ngiqonde."

148 Futhi manje Yena uzokwaziwa kanjani na? SizoMazi kanjani na? Ngemvelo yaKhe, Akwenzayo, imisebenzi yaKhe. Wathi, "Ngingumvini, nina ningamagatsha." Manje, igatsha lithela isithelo, hhayi umvini. Umvini unika igatsha amandla. Futhi uma igatsha like laveza, noma umvini uveza igatsha, linamagreypsi kulo; umvini olandelayo uyaphuma, noma igatsha eliphuma kulowomvini, lizoba namagreypsi kulo. Uma ibandla lokuqala eliphuma kulowomvini, laliyibandla lephentekoste, nazozonke iziphiwo, uma lelo like ngempela laze lakhipha elinye igatsha, bayobhala enye iNcwadi yeZenzo emva kwalo. Futhi yilokho ababenakho ngezinsuku zabaphostoli, nonyaka wabaphostoli awuzange uphele.

149 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, niyakwemukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Futhi inqobo nje uma uNkulunkulu

esabiza, unyaka wabaphostoli usalokhu uqhubeka. “Ngokuba isithembiso,” isithembiso njengoba sasinjalo ngaleyonkathi, “ngesenu, nesabantwana benu, labo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

150 Nkosi, vula amehlo ethu, futhi masibone leloWundlu elihlinzekiwe. Wena wethembisa ukuthi i . . . ukuthi Uyozembula Wena uqobo ngezinsuku zokugcina, njengoba Wenza eSodoma, ngenkathi iNdodana yomuntu yayembulwa. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzosipha khona manje. Siyizikhonzi zaKho, Nkosi. Siyimivini yaKho.

151 Asifanele, asifanele ukucela noma yini; kodwa ukuba besingacabanga ngalokho, khona-ke besingaba bancane kakhulu, besingezukusiza ngalutho kakhulu. Kodwa, Nkosi, uma ngibuka phezulu Lapho futhi ngibone ukuthi kukhona iWundlu elihlinzekelwe mina, kuneWundlu elihlinzekelwe, khona-ke uNkulunkulu akangiboni mina, Ubona iWundlu lami. Futhi ngiyazi akukho lutho olungalungile ngaleloWundlu. Selivele lemukelwe.

152 Manje, Nkosi, iZwi likaNkulunkulu malizibonakalise Lona uqobo phakathi kwethu, kulobubusuku, ukuthi ukukholwa kwaloBartimewu okuphakathi lapha, bonke, nabesifazane benomopho futhi noma ngabe kwakuyini, nabakaSimoni Petru, nabehlukile ophakathi lapha, odingayo, oZakewu emthini. Zibonakalise Wena uqobo, Nkosi, ngenyama yomuntu. IZwi laKho maliphile phakathi kwethu, kulobubusuku, ukuthi sizokwazi futhi sibone ukuthi Wena unguNkulunkulu. Kwangathi lonke iso eliphuphuthekile lingavulelwa ekuqondeni, Nkosi, ukuthi uma lenkonzo enkulu yokuphilisa izoqala, kwangathi bangaphiliswa bonke. Bonke lababantwana abancane, na—nabantu abahamba ngezinduku zokuqhugela, na—nanoma yini engalungile kubo, namakheyini okudondolozela amahlophe, kwangathi bangakwazi ukuhamba baphume lapha njengoba kwenza uBartimewu oyimpumputhe. Wakuthola ukubona kwakhe. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

153 Manje sesikhulekile. Futhi manje—manje ngesizotha manje, ngokuthula, kholwani. Manje engi . . . Lomdlalo omncane wasesiteji, oyikho, uphakathi kokuthi uyiqiniso noma awusilo iqiniso. NoKristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Manje ubungaMazi kanjani na?

154 Ukuba-ke omunye umuntu ubephumele lapha manje egqoke ingubo ende, netshebe nezinwele njengoba ingcweti iMpenda, izibazi zezipikili esandleni sakhe, negazi lehla ebusweni bakhe na? Lowo bekungebe nguJesu. Qhabo. Uhlezi ngakwesokunene soMkhulu; uma Efika, onke amadolo ayoguqa nazozonke izilimu ziyovuma. Ngakho . . . kodwa ubungaMazi kanjani na?

Nje noma yimuphi umzenzisi bebengazipenda konke kanjalo futhi baziphathe kanjalo. Impela.

155 Kodwa uyoMazi kanjani na? Uyilapho ngenkathi ubona imvelo yaKhe, iZwi laKhe libonakaliswa futhi lenza khona impela nje ebelihlala Likwenza, khona-ke uyazi ukuthi lowo nguYe. Kunjalo na? "Imisebenzi engiyenzayo Mina."

156 Manje, niyabo, zidedele wena nje uMkholwe manje. Woza. Ungavumeli umqondo wakho ulale, njengoba kusho abantu. Ungakwenzi lokho. Awuzi kuNkulunkulu, ngokuhlofuhlofuza. Uza kuYe, ngobuhlakani, neZwi laKhe. Letha iZwi phambi kwakho, bese uthi, "Nkosi, Wenza isithembiso. Ngikucele ukuba uvule amehlo ami. Ukukholwa kwami makumise iNkosi uJesu, kulobubusuku. Kwangathi Angaphendukela kimi, futhi angitshele njengoba A. . .kwenza owesifazane, eminyakeni eminingi eyadlula." Futhi kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

157 Manje, ngokubona kwami, ezethamelini, akukho-muntu engimbona ukuthi ngiyamazi. Nonke niyizihambi.

158 Futhi ngezinye izikhathi nicabanga ukuthi yilababantu nje phezulu lapha abangaphambili abakutholayo. Qhabo, qhabo. Indlela. . .Angikhathali ukuthi nikuphi, kholwani nje. Angikhathali, nomaphi endlini. Uyakwazi ukuthi ungubani nokuthi ukuphi.

159 Manje bonani ukuthi ngabe Nguyena izolo, namuhla, naphakade, uma ukukholwa kwenu kungaMmisa, njengoba kwenza uBartimewu. Awudingeki ukuba yisinxibi. Awudingeki ukuba udazuluke njengoba enza. Ukudazuluka akuMmisanga. Akakuzwanga lokho. Ngukukholwa okwaMmisayo. "Ukukholwa kwakho!" Akashongo ukuthi "ukudazuluka kwakho kukusindisile." "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Niyabo, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Kulungile.

INkosi mayibusiswe!

160 Angazi noma lowo mfundisi ohlezi lapho, umfowethu omdala osekuyiminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu eshumayela, ukuthi ubengangisiza yini? Ungakwenza, mnumzane na? Beka isandla sakho phezu kwalowo wesifazane ohlezi eceleni kwakho, nenkathazo yenhliziyo izosuka kuye. Kulungile, nakho-ke. Uyakukholwa, dadewethu na? Kulungile, yilokho kuphela.

161 Wathintani na? Angikaze ngimbone, kodwa kwenzekile. "Uma ukholwa!" Niyakholwa manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

162 Ngabe lokho kuyaMkhomba na? Ngabe amehlo enu ayavuleka na? Ngakho-ke Mbukeni, Uyamangalisa, mnqobi onamandla! Akukho lutho, akukho sivumokholo, akukho hlelo, akukho sosayense, noma lutho, okungaMmisa. UnguNkulunkulu. Amen. Ngiphonsela inselelo noma yimuphi

umuntu phakathi lapha ukuba akukholwe, ukuthi Ukhona manje.

163 Bangaki asebake babona selosithombe neNgelosi yeNkosi ephepheni, abanalo eWashington na? Umi khona lapha kulomsamo khona manje. Kunjalo! Ngiyazi Kulapha. Ngiyakwazi. Angisilo uhlanya. Ngikude kakhulu kulokho. Nginitshela iQiniso lomBhalo. Kukholweni futhi nibone ukuthi kwenzekani.

164 Lapha, naKhu futhi. Lelinenekazi lekhaladi elincane elihlezi khona lapho ekugcineni, liqalaza. Ngempela, lifuna ukusizakala kuNkulunkulu. Lingumkhonzisi, futhi likhulekela ukuba uNkulunkulu alisize enkonzweni yalo. Akunjalo lokho, nenekazi na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo. Angikaze ngilibone, liyisihambi kakhulu nje kimi njengalowo omncane, owesifazane oyikhaladi owayesezansi eTennessee ngaleso sikhathi.

165 Kunendoda, indoda eyikhaladi ehlezi lapho ekubukayo, ithe ukweqiwa yinjabulo ngakho. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, mnumzane na? Uyakholwa na? Lowo wesifazane ukuthinte njengoba nje benza, uthi, "Yima isibindi." Akusimi engikubizayo, kodwa Uyakubiza. Uma ukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yakho, leso sifo sikashukela sizosuka kuwe. Uyakukholwa na? Amen. Kulungile, khona-ke ungabanakho. Amen. Ayibongwe iNkosi! Yilokho-ke.

Uthinteni na? Akazange athinte mina. Uthinte Yena.

166 Lapha, kuhlezi omncane, umfana omhlophe, uhlezi lapha engibuka. Isifiso esijulile enhliziywени yakhe. Angikaze ngikwazi, kodwa ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo, wena. Uyakukholwa na? Kholwa, uzoMemukela. Uyakukholwa, nsizwa na? Kulungile, ungaMemukela uma uzokukholwa.

167 Nangu owesifazane omncane emuva le lapha. Uyagula. Yingalo yakhe yangakwesokunxele. Yephukile. Ineqhubu kuyo, ingalo yangakwesokunxele. Engalweni yakhe yangakwesokudla, unokushisa kwemizwa nofehlane. Uzokugeja. Nkk. Council, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza . . . Uyaphiliswa. UJesu Kristu uyakuphilisa.

168 Angikaze ngimbone owesifazane noma ngizwe ngaye, empilweni yami. UJehova uyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Amen.

169 Nanti elincane, inenekazi lekhaladi lihlezi lapha. Liphethwe yizifo ezilakanyanayo, izinto eziningi. Into eyodwa, unenkathazo ngamehlo akho. Hhayi ngoba ufake izibuko; kodwa amehlo akho abamabi, empeleni. Unesifo samathambo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa ngesandla sakho. Unezinhlungu esifubeni sakho. Kunjalo na? Vayizelisa ngesandla sakho. Unenkathazo yesisu. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Uyakholwa

ukuthi Uzokuphilisa na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angingitshela ukuthi ungubani na? Edna Gerald. Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kukholwe, futhi ungaba nakho ukuphiliswa kwakho. Amen.

170 Niyakholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

171 Lona wesifazane-ke ohlezi lapha ekugcineni, umugqa wesibili lapha, engibuka ngqo na? Unenkathazo ngezinyawo zakhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoziphilisa izinyawo zakho na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho. Angimazi, angikaze ngimbone.

172 Lelinenekazi ke elihlezi eceleni kwakhe na? Uya . . . Buka ngapha, dadewethu. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, ngayoyonke inhliziyo yakho na? Unokushisa kwemizwa okukukhathazayo. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho. Manje ungaphiliswa.

173 Inenekazi elihlezi eceleni kwalo, uyakukholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyagula, nawe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angingitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Inkathazo yezinso. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho.

174 Inenekazi elihlezi eceleni kwalo, uyakholwa na? Uphethwe inkathazo yokugula kwemizwa, nanamehlo akho. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho.

175 Inenekazi elihlezi eceleni kwalo, uyakholwa, dadewethu na? Usibekelwe yithunzi. Unenkathazo yesisu, ngumdlavuza esiswini. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphilisile na? Amen.

176 Uyakholwa na? Amehlo akho angavuleka futhi ukholwe ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu na? Ngakho-ke, uma ukholwa, yima ngezinyawo zakho futhi uMemukele, futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. "O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!"

Mawungangedluli, O Msindisi omnene,
Yizwa ukukhala kokuzithoba kwami;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Wena unguMfudlana wayo yonke induduzo yami,
Ungaphezu kokuphila kimi,
Ubani omunye emhlabeni enginaye ngaphandle kwaKho?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho?

177 Kwenzekeni na? Ukukholwa kwakho, njengalesosinxibi nje esiyimpumputhe, siMbizele enkundleni. Amen. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, akukho sidingo somugqa

wokuphiliswa. Bangaki okholwayo ukuthi niyaphiliswa, empeleni na? Phakamisa isandla sakho, Mdumiseni! Amen. Niyaphiliswa.

178 UJesu Kristu uphakathi kwethu, Ofanayo owadabula eJeriko, owazi uZakewu ngegama, owazi uBartimewu. INkosi uJesu ofanayo, esimweni sikaMoya oNgcwele, ulapha, kulobubusuku, enza izinto ezifanayo Azenzile, ngokungenasiphosiso efakazisa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ningavumeli izivumokholo, namasayense ezenkolo, namalumbo abandayo, kuniklinye kunikhiphe. NiseBukhoneni bukaJesu Kristu, Obonakaliswa phakathi kwenu. Amen. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Amen.

179 Yemukelani ukuphiliswa kwenu, nithi, "Ayibongwe iNkosi! Ngiyakwemukela."

180 Asicule izindumiso kuYe ke. "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda." NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ngoba Wangithanda kuqala." NiyaMthanda na?

> Ng'yaMthanda,

181 Mdumiseni manje eBukhoneni baKhe. Niyazi ukuthi Ufanele abe lapha.

> . . . Mthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wangithengel'insindiso

182 Lokho kunguphiliswa, futhi. Leyo inxenye yensindiso yenu. Wakwenzaphi na? Emthini waseKalvari—waseKalvari. Zonke izinhliziyo zethu!

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,

Lishoni ngempela. Mdumiseni!

> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wangithengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

183 O, aniMthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Xhawulanani nomunye, nithi, "Ayibongwe iNkosi!" Thandanani, Mthandeni. Phendukani nje bese nixhawulane nomunye, nithi, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi! Siyajabula ukuba lapha, mfowethu, siyajabula ukuthi siseBukhoneni beNkosi uJesu." Amen. Amen. Kuyamangalisa! O!

184 UPawulu wathi, "Uma ngihlabelela, ngihlabelela eMoyeni." Asidumise eMoyeni, futhi. Asihlabelele eMoyeni.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda, (haleluya)
> Ngoba Wangithand'kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

185 O, aniMthandi na? Akamangalisi na? Culani!

> O isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
> UMluleki, iNkosi yokuThula, UnguNkulunkulu onaMandla;
> O uyangisindisa, uyangigcina kusosonke isono nehlazo,
> Isimangaliso nguMhlengi wami, alibongwe iGama laKhe!

> O isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
> UnguMluleki, iNkosi yokuThula, UnguNkulunkulu onaMandla;
> Uyangisindisa, o, uyangigcina kusosonke isono nehlazo,
> O isimangaliso nguMhlengi wami, alibongwe iGama laKhe!

186 Bekungenzekani khona manje eBukhoneni bukaNkulunkulu, obunje na?

> Ngangilahlekile, manje sengitholakele, ngikhululekile ekulahlweni,
> UJesu unikana inkululeko nensindiso egcwele;
> Uyangisindisa, uyangigcina kusosonke isono nehlazo,
> O isimangaliso nguMhlengi wami, alibongwe iGama laKhe!

O, asilicule sengathi sisho lona ngempela!

> Isimangaliso, isimangaliso, uJesu kimi,
> UMluleki, iNkosi yokuThula, UnguNkulunkulu onaMandla;
> O uyangisindisa, uyangigcina, o, kusosonke isono nehlazo,
> O isimangaliso nguMhlengi wami, alibongwe iGama laKhe!

187 O, akwenzi into ethize nje kini, kunikolobhe, ngaphakathi na? [Ibandla liyajabula—Umhl.] Inhlanganyelo, o, ukuzwa okunje pho! Bengingekuhwebelane lokhu ngayoyonke imali obungayinqwabela, yonke enye into. Intshinge, kodwa nginike uJesu. O, he! Yebo, mnumzane. Inhlanganyelo!

188 O, kumnandi kanjani ukuhamba kulendlela yezihambi, ngencike eNgalweni yangunaphakade, ngazi ukuthi Nangu! O, uthando ekuboneni kokuqala, into phakathi kwethu enibizayo! O, into efana ne—ne. . .isivalo siqhashe emthonjeni ophethuzayo, nje utshaza amanzi; futhi ngenkathi etshaza kakhulu, athola ukuba aphole kakhulu futhi abefreshi kakhulu. Amen. O, Uyamangalisa! Akanjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NgiyaMthanda. Animthandi nina na? ["Amen."] O, he!

189 Anithandani na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje nina nonke maMethodisti xhawulanani namaPentecostal, nani maBaptisti, futhi yibani nobungani bangempela nje. Uma ningenakukwenza lokho, aniMthandi. Kunjalo. Isizathu, bayaMthanda, niyaMthanda; Wanithatha nezindlela zenu eziyinqaba, Wenza omunye, ngakho nje asivume manje. O, Akamangalisi na? ["Amen."] Sikukholwa ngazo zonke izinhliziyo zethu.

190 O, asilicule futhi, lelihubo elidala elimangalisayo lebandla, "Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda."

191 Angikwazi nje ukuthola okuningi kokusho lokho, ngoba Wangithanda kuqala. Wangithanda, empofu, ephuphutheke ngamabomu, ethanda isono, indodana yesidakwa yokuhawukelwa, isemiseleni, futhi Wagoba ngomusa waKhe. Ngangingahlanganise lutho nawo. Wangikhetha. Ya. Kungenzeka kanjani na? Ungenza kanjani ukuthi ugudluthukela uguqulwe ube ukolo na? Kuthatha amandla kaNkulunkulu. Amen. Ng'yaMthanda. O, ngi—ngizizwa ngithi ukugcwala ukholo khona manje, qobo lwami. Ngi—ngi—ngizizwa ngikahle.

192 Ngiyazi Ulapha. NguYe. Wakwethembisa. Yena, Ulapha phakathi kwethu. NgiMthanda kangaka! Uyamangalisa. Kukwenza uzizwe ukahle ukwazi ukuthi asidingi ukuba siqagele ngakho. Ulapha, ezikhomba Yena uqobo eZwini impela, njengoba Ubehlala njalo enza, ukwenza kube nguYe; hhayi isivumokholo esithize, hhayi into ethize eyinsumansumane; kodwa uNkulunkulu ophilayo qobo lwaKhe. WazaZisa kanjani na? Hhayi ezansi eSodoma, kodwa kuAbrahama; futhi manje eNzalweni kaAbrahama, emva kwaKhe, kukhombisa ukuthi siyiNzalo kaAbrahama. Amen. O, he! Ngizizwa ngikahle ngempela, khona manje.

> Ng'yaMthanda, (O, isihlambi sesibusiso esinje
> pho!) Ng'yaMthanda,
> Ngoba Wa . . .

Cabangani nje; ningakaMthandi, Wanithanda!

193 Nkosi Jesu, yipha ukuphiliswa kwalababantu, Baba, ukuze baphiliswe, bonke ngamunye wabo. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakhuleka, Nkosi, ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

> Emthini waseKalvari.

194 O, asikhothamise amakhanda ethu manje, kamnandi, ngokuthula. Niyazi, singabantwana nje, empeleni. Singabantwana bakaNkulunkulu. Senake nabona umntwana ukuthi wayekhululeke kanjani engakumzali wakhe na? Umzali wakhe embhekisisa, niyabo. Asilihamishe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

195 UkuMbona nje emi lapha, iNsika yoMlilo enkulu! Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu; Ngiya kuNkulunkulu." WayeyiZwi-

mcabango elalinoMose ehlane, iNsika yoMlilo. Wafa eKalvari, wavuka futhi. Futhi ngenkathi uSawulu esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, leyoNsika yoMlilo efanayo yamshaya yamlahla phansi; wathi, "Ungubani, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu."

196 Wavela kuNkulunkulu; Waya kuNkulunkulu. Ubandakanywa kanye nathi ngobufakazi besayense, ngobufakazi bebandla, ngayo yonke into. "Ngi . . ." Eveza into yaKhe efanayo, ememezela iZwi laKhe. Ungumhumushi. [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

197 Bekungebe yini isikhathi esimnandi kuYe ukuba afike khona manje, aqalaze bese ebona wonke umuntu eguqulwa, ehamba na? Uyokwenza ngesinye isikhathi. [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

198 Manje amakhanda ethu ekhotheme, siliculele phansi impela. [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

199 Khumbulani, izinkonzo ekuseni. Uma uyisihambi lapha, futhi ungenalo ibandla; lababelusi abakahle, bakholwa yileliVangeli elifanayo kungenjalo bebengeke babenami lapha. Bemukelekile ukuya ebandleni labo. Nibenenkonzo emnandi kusasa, ukuphumula okumnandi kulobubusuku, bese-ke nibuya kusasa ntambama enkonzweni yokuphiliswa.

200 [UMfowethu Branham uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

